



# basic education

---

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS**

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**2021**

**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA**

**AMAMAKI: 80**

**Lo mlahlandlela wokumaka unamakhasi angama-33.**

**Imiyalelo yokumaka leli iphepha**

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe.  
**(Ohlolwayo akumele aphendule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo)**
2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.
3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili emifushane noma emibili emide esiqeshini B no C, maka impendulo yokuqala ngesiqephu bese uyayiyeka impendulo yesibili. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine, maka impendulo yokuqala kuphela isiqephu ngasinye, uma kuya ngokuthi umbuzo omfushane kanye nomude uphenduliwe.
4. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhloveni kanti eyesibili ishaya emhloveni, maka eyokuqala bese **uyayiyeka** eyesibili.
5. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe umhlahlandlela..
6. Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.
7. **Imibuzo emide**  
Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo bese **uxoxisana nalowo ophethe iqembu labamakayo (Senior marker)**. Sebenzisa irubhriki **eyisingezelelo A no B** ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walowo ohlolwayo.
8. **Imibuzo emifushane**  
Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, **ungamphuci amamaki**.
9. **Imibuzo evulekile**, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/Ukwesekela/Ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.
10. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu/Ukwesekela/Ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO****UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)****'NYUVESI YAKWAZULU' - LF Mathenjwa**

- Ungasebenzisa la maphuzu kanye namanye njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo. Izimpendulo zingahluka kuya ngokuthi umfundi uyiqonde kanjani inkondlo.
- Sebenzisa irubhrikhi yokuhlola lo mbuzo esekhasini lama-32.

**ISINGENISO:** Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyayiqonda indikimba kanye namasu anhlobonhlobo asetshenziswe imbongi okungaba wukukhethwa kwamagama, izifengqo nezisho ukugqamisa indikimba yenkondlo. Indikimba ingumqondo wenkondlo wokuthi ikhuluma/imayelana nani. Indikimba yale nkondlo imayelana nemfundo.

**UMZIMBA****Ukukhethwa kwamagama/izifengqo nezisho.**

- **Inggungqulu eshaya amaphiko- (isingathekiso/isenzasasilwane)** – ukugqamisa ukuthi inyuvesi yaKwaZulu iwedlula wonke amanye amaNyuvesi. Uyingathekisa ngenyoni enkulu.
- **UMhlathuze wakhophoza- (isenzasamuntu)** - ukugqamisa ukuthi nendawo yaseMhlathuze iyayihlonipha leNyuvesi ngemfundo yayo esezingeni eliphezulu.
- **Ukhozi oluvul' amaziphokazi ezintabeni zoNgoye – (isingathekiso/isenzasasilwane)** ukugqamisa ukuthi uNgoye iNyuvesi YakwaZulu lusobozela wonke amanye ngezinga lemfundo ephezulu.
- **Inkunzi'egweba ngepensela - (isingathekiso)** – ukugqamisa ukuthi uNgoye luqwaqwada ezinye izikhungo ngezinga lemfundo etholakala khona.
- **Ukuqaqanjelwa – (ukukhethwa kwegama)** – ukugqamisa ukuthi amanye amaNyuvesi azimuka aphantsi amakhanda uma kukhulunywa ngoNgoye ngenxa yodumo lwemisebenzi yalo.
- **Ilangab' elihangula izikhotha – (ukukhethwa kwamagama)** – le Nyuvesi iyaziwa ngabafundi abasezingeni eliphezulu i-Afrika yonke baze bayidumisa naphesheya kwezilwandle.
- **Abawuvali umlomo – (isisho)** – ukugqamisa ukuthi amaNyuvesi aphisheya akhuluma/ancoma le Nyuvesi ngemfundo yayo.
- **Imisidlana okwengcanga – (isifaniso)** – ukugqamisa ukuthi namaNyuvesi alapha eNingizimu Afrika ayelibukela phansi uNgoye, sebebeyaluhlonipha ngenxa yemfundo etholakala oNgoye.
- **Gobhoza njalo mfula wolwazi- (ukukhethwa kwegama)** - ukugqamisa ukuthi le Nyuvesi ayiqhubeka njalo ukuphakela ulwazi lwemfundo e-Afrika yonkana.
- **Ngifike isisu simboqo ... (ukukhethwa kwamagama)** – Ithi imbongi ibingenalutho engqondweni ingenalo ulwazi kodwa ithe ingafika kule Nyuvesi yaphuma isinolwazi olunzulu.
- **Chibi lolwazi – (ukukhethwa kwamagama)** – ukugqamisa ukuthi le Nyuvesi imumatha abantu abaningi abazothekela ulwazi enothe ngalo.
- **Ukucima ukoma – (isisho)** – ukugqamisa ukuthi ulwazi olutholakala kule Nyuvezi lususa/luqeda inkungu yokungazi.

- **Ngitshele mfazi ndini zingaki ezakho izimbiza? - (umbuzombumbulu)** Iyazibuza ukuthi mingaki kanti imikhakha yezifundo ezifundwa kule nyuvesi yakwaZulu ngoba izizwe zalapha eNingizimu Afrika zithutheleka kuyo le Nyuvesi.
- **Uyintokazi eyisilomo – (isingathekiso)** – Imbongi la Ibiza iNyuvesi yaKwaZulu ngowesifazane othandwayo/ongundabuzekwayo ngenxa yokuthi ithandwa/idume umhlaba wonke ngemfundo etholakala kuyo.
- **Ukuswela imilomo – (isisho)** – ukugqamisa ukuthi ezinye izizwe azinawo amazwi/amagama anele okubonga le Nyuvesi ngemikhiqizo yayo kwezemfundo.
- **Sizib' esinzonzo – (ukukhethwa kwagama)** – le Nyuvesi ifaniswa nesiziba esishona phansi esijulile ngenxa yolwazi olunzulu olutholakala kuyo.
- **Imbenge – (ukukhethwa kwagama)** – lapha imbongi isifanisa imbenge nemfundo kule Nyuvesi abafika bezoyethekela khona baze bazuze bashiyele nabanye.
- **Sizib' esimavivane sikaNomfundo noNompumelelo – (isingathekiso)** ukugqamisa ukuthi imfundo etholakala kule nyuvesi yenza abantu baphumelele.
- **Izaqheqhe – (isingathekiso)** – lapha imbongi iveza ukuthi imfundo etholakala kule Nyuvesi eyekhethelo.
- **Impilo inamagquma namathafa (isingathekiso)** – imbongi iveza ukuthi ukuzuzisa imfundo akulula kunezinsalelo zakhona ohlangabezana nazo.
- **Imini nobusuku ...– (I-okzimironi)** – ukugqamisa ukuthi kuhlalwa kufundwa ngaso sonke isikhathi kule Nyuvesi.
- **Khul' uzukhokhobe ngqungqulu ... (ukukhethwa kwamagama)** – ukugqamisa ukubonga imisebenzi emihle yokufundisa lonke uhlobo lomuntu abavela emndenini eyahlukahlukene.
- **Umondli wezimprofana nezicebi – (ukukhethwa kwamagama)** – Le Nyuvesi yamukela onemali nongenamali imnothise/imphakele ulwazi.

**ISIPHETHO/UVO LOMFUNDI:** Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Imbongi isebenzise amasu anhlobohlolo okubalwa kuwo ukukhetha amagama/izifengqo nezisho ukugqamisa indikimba yenkondlo.

[Makunikezwe amamaki aphelele ngempendulo esekelwe kahle.]

[Impendulo eyi-eseyi ehleleke kahle ngokwemigomo yokubhalwa kwe-eseyi. Mayibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240].

[10]

## **UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

- 2.1 Zonk' izinyoni zakhothamis' amakhanda. (1)
- 2.2
- Imbongi igqamisa ukuthi uKufakwezwe uyisizukulwane sasebukhosini.
  - UKufakwezwe wayesemncane lapho ekhombisa ubuqhawe bakhe ngokunqoba abuse izwe elalingaphesheya komfula uMqeku nakhu embiza ngethole.
  - Kwathi isizwe sakwaMapholoba sizama ukuhlasela uKufakwezwe sazithela enkingeni ngoba sahlulwa.
- [Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umqondo webinza] (3)

- 2.3 Le migqa iqukethe umoya wokugxeka/wokudumala lapho imbongi idunyazwa isenzo esingesihle esenziwa abafokazana nezinduna ngokungayitsheli iNkosi iqiniso njengoba becekela inkosi phansi ngokuyiholela ophathe beyikhombisa lapho impi ingekho ngakhona ukuze ihlulwe.  
[Nikeza amamaki amabili uma echaze ngokwenelisayo okuqukethwe umoya.] (2)
- 2.4 Imbongi isebenzise ukuxhumana okusekugcineni'...esengaphakathi... esengaphakathi' ngenhloso yokugcizelela/ukugqamisa indlela ayehlasela ngayo ukuthi babethuka esengaphakathi wayengabikezeli uma ezohlasela izitha zakhe zingamlindele njengoba wahlasela wanqoba uMgwazi kanye noLuthuli.  
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso ekusebenziseni ukuxhumana] (2)
- 2.5 Imbongi iphumelele kahle ukusebenzisa umbuzombumbulu lapho izibuza iziphendula ngokuthi bangathini abalele uma bengavuka babone sekugcwele amathuna angaka nemizi eyashiswa ngesikhathi sokubusa kukaKufakwezwe kube kuyibona ababumba lesi sizwe ngokuthula.  
[Nikeza amamaki amabili uma eveze impumelelo yembongi ekusebenziseni umbuzombumbulu] (2)

(2)  
[10]

### UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)

- 3.1 Zizwakala samthombo' ugobhoza. (1)
- 3.2
  - Imbongi ikhalela amaqhawe/izinsizwa akwaZulu adlula emhlabeni ehlupheka ngenxa yezimpi.
  - Azitholanga ithuba lokujabulela ubuqhawe bazo futhi zangaganwa.
  - Zazilwa ngenhloso yokuthi zihlonishwe, zilwela ukuhlonipheka kwesizwe sakwaZulu.
[Nikeza amamaki amathathu uma eveze umqondo webinza.] (3)
- 3.3 Lesi simo sokukhuluma silekelele ngokucacisa ukuthi izinsizwa nezintombi ziyekele ukulwa ngenxa yemfundo zaya ezikhungweni zemfundo lapho zithole ukukhanyiseleka ngolwazi njengoba sezizigqaja ngokukhuluma izilimi.  
[Nikeza amamaki amabili uma esichaze kahle isimo sokukhuluma ukulekelela indikimba] (2)
- 3.4 Imbongi ihlose ukugcizelela imisebenzi yemfundo emihle njengoba abantu bejabulela ukukhanya sebehamba ezindaweni eziphambili ngenxa yemfundo.  
[Nikeza amamaki amabili uma eveze kahle ukuxhumana okusekuqaleni] (2)
- 3.5 Ikhono lembongi lihle ngoba ukweqiwa konkamisa kwenze ukuba isigqi saleli binza sisheshe ngenxa yomoya wokuncoma. Leli binza linemigqa engalingani eminye inamagama amabili kodwa amade. Lokho kwenze ukuba imbongi isebenzise ukweqiwa konkamisa.  
[Nikeza amamaki amabili uma eveze ikhono lembongi lokweqiweni konkamisa] (2)

(2)  
[10]

**UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**

- 4.1 Uphawu/isingathekiso. Imbongi ikhethe lesi sifengqo ukuveza ukuthi ukhohlo lwabo yilo elibanika ithemba/yilona ababambelele kulo.  
[Nikeza amamaki amabili ngohlobo lwesifengqo nokuluchaza] (2)
- 4.2 Le migqa igqamisa umqondo wokuthi abantu banokhohlo nesineke sokubekezelela buthule izimo ezilukhuni ababhekene nazo.  
[Nikeza amamaki amabili uma echaza kafushane umqondo wemigqa] (2)
- 4.3 Imbongi ihlose ukuveza ukuphelelisa umqondo osuka emgqeni we-16 ukuya kowe-17 ogqamisa ubumbano lwabantu bezinhlango ezahlukene lapho behlangana ndawonye ngomoya owodwa bethandazela ukuthi iNkosi ibusise i-Afrika.  
[Nikeza amaphuzu amabili uma esho inhloso yokusetshenziswa kwe-injambamenti] (2)
- 4.4 Umyalezo wethemba. Akufanele abantu balahle ithemba noma kusengathi izinkinga azipheli kodwa abantu kufanele babenethemba lokuthi sofika isikhathi lapho izinkinga ziyophela khona.  
[Nikeza amamaki amabili uma echaza umyalezo webinza] (2)
- 4.5 Isigqi sale nkondlo siyanensa ngenxa yokuthi imbongi iyathandaza inxusa uMdali ukuba abusise i-Afrika ngoba ikhungethwe yizinkinga eziningi ezingapheli ezidalwa izinkinga ababhekene nazo.  
[Nikeza amamaki amabili uma ehlaziye isigqi senkondlo] (2)

**[10]****KANYE****UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)**

- 5.1
  - Ukuxhumana-sigcino
  - Lokhu kuxhumana kuletha umgqomo nomculo omnandi enkondlweni/nokugcizelela ukuthi imbongi ikhuluma ngayo uqobo.
 [Nikeza amamaki amabili uma egagule ukuxhumana nomsebenzi wakho.] (2)
- 5.2 Imbongi inesifiso sokuba kuyo yonke into eyenzayo, iyenze ngokuthembeka kanye nokunobuqotho.  
[Nikeza amamaki amabili uma echaze umqondo osobala webinza.] (2)
- 5.3 Imbongi umoya iwugqamisa ngokucela/ukunxusa ukuthi konke ekwenzayo kube ngokwamukelekayo/kube nezibusiso.  
[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile ukuthi umoya webinza imbongi iwugqamise kanjani] (2)
- 5.4 Imbongi isebenzise impindwa 'Ngiyafis' ukwethembeka' ukugcizelela / ukulangazelela ukuthi konke ekwenzayo ikwenze ngokweqiniso nangendlela okulindeleke ngayo.  
[Nikeza amamaki amabili ngokuveza umsebenzi wempindwa] (2)
- 5.5 Ikwazile ukuxhumanisa umqondo osemgqeni we-17 kuya nowe-18 kanye nowe-19 kuya kowama-20 ukuze kube yinto eyodwa egcizelela umqondo wokwethembeka.  
[Nikeza amamaki amabili uma exoxe ngempumelelo yokusetshenziswa kwe-injambamenti] (2)

**[10]****AMAMAKI ESIQEPHU A:****30**

**ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO****INOVELI****UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlohleni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO:** Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi lwendikimba ethi 'uthando noma ithemba' egqanyiswa ngabalingiswa abakule noveli.

**UMZIMBA****Uthando lukaNgidi kuMhlengi**

- UNgidi wamthanda uMhlengi eqeda kuzalwa waze wanquma ukungaganwa ngemuva kokushona kwenkosikazi wakhe ngoba ecabanga ukuthi inkosikazi angayithatha ingahle angayithandi indodana yakhe noma iyihlukumeze.
- Uthando uNgidi ayethanda ngalo uMhlengi lwamenza wasebenza kanzima waze wamthengela udedangendlale wepulazi waphinde wambhalisa emafeni akhe.
- Uthando lwaphela mhla uMhlengi etshela uyise ukuthi uyi 'gay' wamxosha.
- Kwathi uma kufika uNontobeko lwavuseleleka uthando ayenalo kuMhlengi wanquma ukuhamba noNontobeko bayomfuna uMhlengi.
- Wakhipha imali eshisiwe ekhokhela uDlaba ukuze amthungathele uMhlengi ngenxa yokumthanda ethemba ukuthi akaqhubekanga nalokho ayekusho.

**Uthando/lukaNontobeko noNkululeko**

- UNkululeko wavuma ukuthandana noNontobeko yize amtshela ukuthi yena usathanda uMhlengi futhi kungenzeka uthando lwabo luphele ahluleke ukuqhubeka nothando lwabo.
- Uthando lukaNkululeko lwenza ukuba ale onke amantombazane ayethandana nawo ngoba esethole uNontobeko ayemthanda ngokweqiniso waze waphuthuma ukumlobola ngoba enovalo lokuthi angahle amphunyuke.
- Ngobusuku obandulela usuku lomshado uNontobeko wanquma ukuluqeda uthando lwabo noNkululeko ngoba esathanda uMhlengi.
- UNkululeko akakwemukelanga ukuphela kothando lukaNontobeko ngoba ethi akekho umuntu ayobuye amthande waqoma ukuzibulala.

**Uthando lukaXolani noMahlengi**

- UXolani wathanda uMahlengi eqala ngqa ukumbona emhlanganweni wosomabhizinisi waze wahluleka ukulalela lokhu okwakukhulunywa emhlanganweni enziwa yalolu thando.
- Uthando ayenalo uXolani ngoMahlengi lwenza ukuthi angabe esawunaka nomndeni wakhe waze wakhohlwa umcimbi okwakufanele baye kuwo ebephupha uMahlengi.
- Uthando uXolani ayenalo kuMahlengi lwenza nokuthi ashiye izingane zodwa azikhiyele endlini ngenxa yokulangazelela ukubonana noMahlengi.
- Uthando ayenalo lwaphazamiseka uma esethola iqiniso lokuthi uMhlengi lo kanti wayeziguqule ubulili, wayengumfana ngesikhathi esiphambili.

**Uthando lukaNdumiso noMahlengi**

- UNdumiso wathanda uMahlengi kakhulu uyathukuthela uma uMahlengi embona ukuthi akamnakile ngenkathi emvakashele uze umsongela ngokumbulala uma engathandana nomunye umuntu.
- UNdumiso wacuthela uXolani owayezovakashela uMahlengi, wamshaya ngoba esola ukuthi uthandana noMahlengi.
- Uthando lukaNdumiso lwenza ukuthi abuyele ebugebengwini abambe uNgidi inkunzi ngoba efuna ukulobola uMahlengi enovalo lokuthi angase amphunyue.
- UNdumiso ukhala ngothando olukhulu ayethanda ngalo uMahlengi ngenkathi eseboshelwa ukubamba uNgidi inkunzi.

**NOMA****UMhlengi unethemba lwempilo entsha**

- UMhlengi wayenethemba lokuthi uma eziguqula uzophila impilo engcono akade ayifisa, wayenethemba lokuthi uyise uNgidi uzomamukela ukuthi uyigay.
- Ithemba liyashabalala ngenkathi uNgidi engakwemukeli ukuthi uMhlengi uyi 'gay' uze uyamxosha waze wamsabisa nangokumbulala.

**UNontobeko unethemba lokuthola uMhlengi**

- UNontobeko unethemba lokuthi uthando lwakhe noMhlengi olweqiniso kepha ithemba lakhe liyashabalala lapho uMhlengi emtshela ukuthi mabehlukane ngaphandle kwesizathu.
- UNontobeko wayenethemba lokuthi usemtholile umuntu amthandayo onguNkululeko kepha ithemba lokuthanda uNkululeko lashabala ngenkathi ehluleka ukuqhubeka nomshado wabo noNkululeko ngenxa yothando lukaMhlengi ayeyibona ukuthi ayigxilile kuye.
- Ithemba lakhe liyavuseleleka lapho ethatha isinqumo sokuyofuna uMhlengi enethemba lokuthi basazoqhubeka bathandane.
- Ithemba analo liyakhula lapho uNgidi uyise kaMhlengi emamukela ehamba naye ukuyofuna uMhlengi kepha amathemba akhe ashabalala uma esetholakala eseziguqulile waba ngumuntu wesifazane.

**UNdumiso unethemba lokulobola uMahlengi**

- Wayenethemba lokuthi yena noMahlengi bathandana ngokweqiniso kepha ithemba analo laqala ukushabalala lapho esola ukuthi uMahlengi useqomile ngenxa yokuthi uma enaye ingqondo kaMhlengi wayeyibona ukuthi ayigxilile kuye.
- Ithemba lokuthi uMahlengi angeke amphunyuke livuselelwa uS'bu umngane wakhe uma emtshela ngoNgidi oyisigwili enethemba lokuthi uma engabamba inkunzi angamlobola uMahlengi engakamphunyuki.
- Ithemba lokulobola uMhlengi liyashabalala ngenkathi ethola incwadi evela kuMahlengi emala ephinde eboshwa ngokubamba uNgidi inkunzi.

**UXolani unethemba lothando olusha**

- UXolani uba nethemba lokuthi intokazi ayibone emhlanganweni wosomabhizinisi enguMahlengi nayo izomthanda yize eshadile.
- Liyakhula ithemba ngenkathi noMahlengi evuma ukubonana noXolani yize uXolani eshadile

- UXolani uba nethemba lokuthi uthando lwabo noMahlengi luzokhula ahlukane noLungile ngoba enethemba lokuthi uMahlengi nguye asemthanda ukudlula umkakhe baze bagcine beshadile.
- Ithemba ayenalo lokuthi uthando lwabo luzokhula liyashabalala lapho ethola ukuthi uMhlengi wayekade engumuntu wesilisa.

**ISIPHETHO:** Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali usebenzise kahle abalingiswa ukugqamisa indikimba yothando/nethemba.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ngokugqanyiswa kwendikimba.]

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo / izimpendulo ezinganikeziwe lapha.]

[25]

## UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)

### BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya

- 7.1 Ludalwa yisikhwele ayesenaso ngoMahlengi ngukuthi akazi ukuthi uzoyithathaphi imali masishane yokulobola uMahlengi nanokuthi kungenzeka uMahlengi amphunyuke.  
[Nikeza amamaki amabili uma esivezile isizathu sodweshu lwangaphakathi] (2)
- 7.2 UNdumiso uzishintsha igama athi unguMandlakapheli Buthelezi, ukhuluma noNgidi ocingweni ngendlela yokuthi angasoli nakancane ukuthi ufuna uNgidi angamazi agcine emyalele kahle kwaNgidi.  
[Nikeza amamaki amabili uma ezichazile izenzo ezimveza njengomlingiswa onobugebengu] (2)
- 7.3
- UNdumiso wathi evakashela uMahlengi waqaphela ukuthi ingqondo kaMahlengi ikude sengathi akakuthokozeli ukuba khona kwakhe.
  - Ucutha efuletheni likaMahlengi lapho ebona uXolani ezovakasha efulethini likaMahlengi ephethe i-pizza newayini wamshaya.
  - Wathi uvakashela umngani wakhe uSbu wamxoxela ngesigwili seseGcilima esasinemali eningi eyayihlala esisefeni endlini kanti vele ufuna imali yokulobola uMahlengi, unquma ukubamba uNgidi inkunzi ukuze alobole uMahlengi.
- [Nikeza amamaki amathathu uma ezinikezile izehlakalo] (3)
- 7.4 Isizinda siveza isikhathi samanje. Ukusetshenziswa kwebhuku lezingcingo-uNdumiso ubheka inombolo yocingo lukaNgidi usomabhizinisi wasePort Shepstone. Ukuba khona kwemoto- uNdumiso uhamba ngemoto ukuya eposini ukushayela izinombolo ezinhlanu ukuze athole uNgidi. Kunezitolo ezibizwa ngesilungu- uNdumiso ukhuluma noNgidi omyalele ukuba abheke inombolo yasesitolo sakwaManqoba Ngidi i-Cash and Carry ebukwini.  
[Nikeza amamaki amathathu uma esichaze isizinda ngokwesikhathi] (3)
- 7.5 Umphumela wezenzo zikaXolani ezingane zakhe waba mubi ngoba zasha zangqongqa emuva kokuqhunyelwa igesi zingaphakathi endlini ebusuku yena ehambile eyobona uMahlengi.  
[Nikeza amamaki amabili uma enikeze umphumela wezenzo] (2)

- 7.6 Bobabili bobabili uNdumiso noNkululeko babenothando lweqiniso/ babenethemba lokuthi uthando lwabo ngabantu ababathandayo lwaluzoba nezithelo ezinhle.  
 UTHANDO  
 UNkululeko wamthanda uNontobeko noma emtshelile ukuthi inhliziyo yakhe iseku Mhlengi, wala zonke izintombi zakhe, wamlobola emuva kwesikhathi isifushane. Uma uNontobeko emala ngosuku olwandulela olomshado wamane wazibulala.  
 Kanjalo noNdumiso wayemthanda ngothando lweqiniso uMahlengi, okuthi emuva kokuba enezinsolo zokuthi uMahlengi useqomile, wancamela ukubuyela ebugebengwini. Wabamba uNgidi inkunzi ngoba efuna ukulobola uMahlengi angaze amphunyuke.  
 ITHEMBA  
 Undumiso wathandana noNontobeko ngoba enethemba lokuthi wayezomkohlwa uMhlengi. Wamlobola masinyane. Ithemba lakhe laphela uma uma uNontobeko esemala ngosuku olwandulela olomshado. Waya ehlathini wayozilengisa wafa.  
 UNdumiso wayemthanda uMahlengi enethemba lokuthi uthando lwabo olweqiniso. Wabamba uNgidi inkunzi ngoba efuna ukulobola uMahlengi bashade. Ithemba lakhe laphela lapho evula umnyango esebuye nayo imali wakhanga incwadi eyayifakwe ngaphansi kwesicabha, okwathi uma eyifunda wathola ukuthi uMahlengi wayemala.
- [Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisa izenzo kanye nendikimba] (3)
- 7.7 Umbhali uhlose ukuxwayisa ngokuhlukumezeka kwamakhosikazi/abantu besifazane njengoba uXolani evalela izingane zishe nendlu okwaholela ekutheni uLungile angabe esaba nezingane nomuzi.  
 (Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa)  
 [Nikeza amamaki amabili uma enikeze inhloso yombhali.] (2)
- 7.8 Imbangela yesenzo sikaNontobeko sokwala uNkululeko kwakuwukuthi inhliziyo kaNontobeko yayisekuMhlengi owayemalile ngaphandle kwesizathu. Wayezitshela ukuthi uma ehamba eyomfuna babezoxoxa babuyelane baqhubeke nothando. Ngosuku olwandulela umshado uNontobeko wazibona ukuthi akakulungele ukungena emshadweni noNkululeko futhi wayemkhuzile ukuthi abangajahi ukushada kepha uNkululeko wamncenga wathumela abakhongi.  
 [Nikeza amamaki amathathu uma echaze imbangela yezenzo.] (3)
- 7.9 Ngiyavumelana ngoba umbhali usishiya nombuzo wokuthi ingabe kwenzakalani njengoba oNontobeko bathola uMhlengi efulethini lakhe ngokusizwa uShezi. Bathola izindaba ezishaqisayo zokuthi uMhlengi usaziguqula waphila njengomuntu wesifazane osezibiza ngoMahlengi. UXolani wathola izindaba akade engazilindele zokuthi uMahlengi wayengumuntu wesilisa.  
 [Nikeza amamaki amabili uma evumelana/engavumelani bese esekela.] (2)

7.10 Umbhali uphumelele kahle ekwethuleni umyalezo wokuthi akukuhle ukungayiseki ingane ya kho ezinqumeni ezithathayo empilweni. UNgidi akakwemukelenga akutshelwa yindodana yakhe uMhlengi ukuthi i-gay'. Wayixosha wathi ingaphinde ize kwakhe, wayiphuca namafa, wangaphinde wayibona. UNgidi walahlekelwa iminyaka eminingi engabonani nayo, ubudlelwano baphela kodwa ekugcineni uyabona ukuthi isinqumo ayesithathile uMhlengi sokuphila njengomuntu wesifazane akasiguqulanga njengoba bemfica esenguMahlengi. Ngakho-ke kwakumele amemukele enjalo.

[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngomyalezo]

(3)  
[25]

## UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)

### USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlohleni
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO:** Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi lwendikimba ethi 'umcebo' egqanyiswa ngabalingiswa kule noveli.

### UMZIMBA:

#### Ukufuna umcebo kwabantu baseThusini

- Abantu baseThusini bafuna umcebo kaNomvula okungu-Goodenough Madonsela kanye noTerrence Ngubane.
- Siphinde sithole abadayisi bezofuna umcebo kaNomvula ngokumdayisela bamafenisha nabomshwalense.
- UNomvula atshelwe nguSkiti ukuthi imali ewinwe nguNomvula inamabhadi ngakho-ke kufanele uNomvula ayikhiphe amabhadi ngokuphonsa enye yayo phezulu kanti naye uSkiti uzobe ekuleyo ndawo wazicoshela yona.

#### Ukufuna umcebo kukaChule noDaffo

- UChule ufuna umcebo kaNomvula ngokuzenza umfundisi. Uvakashela uNomvula uze uqasha uHlulintombi ukuze amgadele uGenyeza ukuze angamphazamisi uma esakhuluma noNomvula.
- UChule uthuma uDaffo ukuthi azenze iphoyisa, abophe uGenyeza ayomlahla ezimobeni ukuze angamphazamisi uChule uma eya kuNomvula ukuze athole umcebo wakhe.
- UDaffo uthunywa nguChule ukuba amlobolele uNomvula kanti uChule uzoba nomhobholo azithathele ingxenye enkulu yemali okwakufanele ilobole uNomvula.
- UChule ugcina ezama ukubulala uNomvula ngoba sebezohlukana noNomvula ukuze bangahlukaniselani kulo mcebo asebenawo okuphetha ngokufa kwakhe uChule efela umcebo.

#### Ukufuna umcebo kukaMaHadebe noMahuzu

- UMaHadebe uya kuMaSkhakhane ukuyofuna ushevu ukuze azobulala uMaNdelu kuthi uma ebuya uNomvula eThekwini azongcwaba unina bese ethola ithuba lokumdlisa azothola umcebo wakhe.

- UMaHadebe ubiza indodana yakhe uMahuzu ukuze ilande incwadi yocingo kuNomvula uma enqaba amdise umuthi wokuhlanya ukuze bazothola umcebo wakhe, noMahuzu wakuthokozela ukulanda incwadi noma adlise uNomvula ukuze naye azohlomula kulo mcebo kaNomvula ngokusizwa ngoMsonteni noMchitheni.
- UMahuzu ugcina ngokufa efela umcebo ebulawa iloli kanti uMaHadebe ugcina eguliswa wushevu abezama ukuwudlisa uMaNdelu ukuze angamphazamisi uma esefuna lo mcebo kaNomvula.

**ISIPHETHO:** Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali usebenzise kahle abalingiswa ukugqamisa indikimba yomcebo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ngokugqanyiswa kwendikimba.]

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha.]

[25]

## UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)

### USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi

- 9.1 Ludalwa ukuhamba kukaMiliyemu noChule nokuthi wayecabanga ukuthi uHlulintombi ayemthembile badayise ngoMiliyemu kanye noDicey ucabanga ukuthi yibo abambalekisile futhi bayazi lapho eye khona.  
[Nikeza amamaki amabili uma esivezile isizathu sodweshu lwangaphakathi] (2)
- 9.2 Wabaleka uHlulintombi uma uGenyeza embuza ngoMirriam embamba ngenkani, amthuke ngenhlamba, waqhunsula amehlo okomuntu ebhekene nendlondlo.  
[Nikeza amamaki amabili uma ezichazile izenzo ezimveza njengomlingiswa onobugebengu] (2)
- 9.3 UMsonteni noMchitheni okungabangani bakaMahuzu balwa noNomvula ngenkathi bezofuna incwadi. Bathi besamkhombe ngesibhamu kwaqhamuka uChule owasiza ngokukhuthuza uMsonteni wathatha isibhamu sakhe wakhomba oMsonteni noMchitheni okwaholela ekutheni uChule abonise uNomvula ukuthi akaphephile eThusini kungangcono ahambe naye ukuze amvikele/Isoka lakhe uGenyeza labe lala ukhasha ngoNomvula, limshaya, laze lalumisa uChule ngezinja. UDicey wamcela ukuthi makahlabe ikhefu ngenxa yezingcingo ezazishaywa ngomakhelwane bebika okwenzeka emzini wakhe emini yena esemsebenzini.  
[Nikeza amamaki amathathu uma ezinikezile izehlakalo] (3)
- 9.4 Isizinda siveza isikhathi samanje. Ukusetshenziswa kwemibhede, amatafula nemisakazo-uGenyeza ufika endlini yakhe ahlale embhedeni abuke umsakazo osetafuleni abuye aphume awushiye kanjalo eqonde kuMiliyemu. Ukuba khona kwephephandaba- uDicey uyethuka uma kungena uGenyeza ushiya iphephandaba etafuleni abelifunda. Ukuba khona kwamaphoyisa- uDicey utshela uGenyeza ukuthi uma eqhubeka nokubadelela benoHlulintombi uzobiza amaphoyisa.  
[Nikeza amamaki amathathu uma esichaza isizinda ngokwesikhathi] (3)
- 9.5 Izenzo zikaMaHadebe zaba nomphumela omubi kuMahuzu ngoba emuva kokuba sebebuya eThekwini ukuyokwenza ababekuthunywe uMaHadebe kwaqhamuka iloli lashayisa uMahuzu wafela khona lapho.  
[Nikeza amamaki amabili uma enikeze umphumela wezenzo] (2)

- 9.6 UBrenda noMeyili bangabalingiswa abangafani mayelana nendikimba yomcebo. UBrenda wayengenawo umhobholo wemali yingakho wakhombisa uMirriam izinombolo ezazisephepheni futhi zifana nalezi ezazisethikithini likaMirriam kanti uMeyili wayethanda imali ngoba wathi angezwa ngemali kaNomvula ayeyiwinile wayifuna ngoba ethi ngeyakwakhe.  
[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisa izenzo kanye nendikimba] (3)
- 9.7 Umbhali uhlose ukuxwayisa ukuthi umona awubuyiseli ngoba ugcina ulahlekelwa okukhona ngokungekho njengoba uMaHadebe wafuna ukubulala uMaNdelu noNomvula bewumndeni wakhe kepha kwafa uMahuzu ebuya nabangani bakhe ukuyofuna incwadi yocingo kuNomvula.  
[Nikeza amamaki amabili uma enikeze inhloso yombhali.] (2)
- 9.8 Imbangela ukuthi uChule wayenentukuthelo kakhulu ngoDaffo ngoba uDafo akazange athembeke kuChule yize ayengumngane wakhe. ✓ UDaffo washela uNomvula ngenkathi uChule esesibhedlela ngenhloso yokufuna imali. Kwakuyindlela kaChule yokuziphindiselela kuDafo ngesenzo ayesenzile.  
[Nikeza amamaki amabili uma evumelana/engavumelani bese esekela.] (3)
- 9.9 Ngiyavumelana ngoba kuba noxolo nokubuyisana kwabalingiswa UGenyeza ubuyelana noNomvula baba nendumezulu yomshado bathenga isithabathaba somuzi. Umndeni waseMangweni uyabuyisana noMaHadebe uxolisa kuNomvula ngokuzama ukumbulala.  
[Nikeza amamaki amabili uma evumelana/engavumelani bese esekela.] (2)
- 9.10 Umbhali uphumelele kahle ekwethuleni umyalezo wokuthi akumele umndeni ube nomona wokuphumelela komunye umuntu ikakhulukazi uma eyilunga lomndeni. UMeyili nomaHadebe baba nomona ngoNomvula uma ewina *Ipick six*. UMeyili wakhumbula ukuthi uyena owayengubaba kaNomvula eseyifuna yonke imali ilawulwe uye.  
[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngomyalezo] (3)

**[25]**

**UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)****KUNJALO-KE – ME Wanda**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlohleni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO:** Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi lwendikimba ethi 'isimilo esixegayo' egqanyiswa ngabalingiswa kule noveli.

**UMZIMBA:****Isimilo esixegayo kuMoloi**

- Uthandana noMisi Hlophe ebe eshadelwe uze uyamkhulelisa. UMoloi uyamshiya uphindela kunkosikazi wakhe.
- UMoloi ushela uDumazile oyingane yesikole uyamkhulelisa yize enenkosikazi.
- UMoloi uphinde athandane noDumazile yize azi ukuthi uDumazile useshadile, ugcina elwa noSithole emzini kaMtalaselwa noDumazile.

**Isimilo esixegayo kuDumazile**

- Uthandana nothisha uMoloi eyingane yesikole uze uyakhulelwa esesesikoleni ugcine exabana ephendulana noMisi Hlophe bebanga uMoloi.
- Uthandana noSithole ebe azi ukuthi uSithole ushadelwe futhi mdala kakhulu kuye uze ukhulelwa okwesibili engashadile.
- Uma nomuntu wesilisa onguSithole emgwaqeni eduze nomuzi wakhe yize eyinkosikazi kaMtalaselwa.
- Ungenisa umuntu wesilisa okunguMoloi emzini wakhe nomyeni wakhe okunguMtalaselwa okugcina ngokuthi uSithole alwe noMoloi, ihlazo lakhe lize liphume emaphepheni.

**Isimilo esixegayo kuSithole**

- Ushela uDumazile ebe eshadelwe uze uyabhunguka kwakhe.
- Ukhulelisa uDumazile yize emncane kakhulu kunaye aze ayomlobola.
- Uthandana noDumazile yize engakasifaki nesehluhaniso sakhe noMaNzimande ugcina esekipite noDumazile.

**Isimilo esixegayo kuMaNzimande**

- UMaNzimande ungenisa indoda emzini kaSithole kepha engehluhanisanga noSithole ngokomshado.

**ISIPHETHO:** Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali usebenzise kahle abalingiswa ukugqamisa indikimba yesimilo esixegayo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ngokugqanyiswa kwendikimba.]

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha.]

**[25]**

**UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)****KUNJALO-KE – ME Wanda**

- 11.1 Ludalwa ukubuya kukaSithole okwakucatshangwa ukuthi ngeke aphinde abuye nokuthi uMaNzimande wayesecabanga ukuthi uSithole ubuya nengculaza.  
[Nikeza amamaki amabili uma esivezile isizathu sodweshu lwangaphakathi] (2)
- 11.2 USithole wazithulela uma engena ekamelweni afice izingamu zikagwayi nesimehlane sikagavini phezu kwetafula kanye nezimbadada ngaphansi kombhede.  
[Nikeza amamaki amabili uma ezichazile izenzo ezimveza njengomlingiswa onobugebengu] (2)
- 11.3
- Ukufika kukaSithole emzini kaDumazile kanti uzothola uMoloi evakashele uDumazile.
  - USithole walwa noMoloi indaba yaphuma emaphephandabeni yaziwa yiwo wonke ngisho noMtalaselwa.
  - UDumazile wase enquma ukubaleka emzini wakhe esaba umyeni wakhe uMtalaselwa.
- [Nikeza amamaki amathathu uma ezinikezile izehlakalo] (3)
- 11.4 Isizinda siveza isikhathi samanje. Ukubakhona kwesifo sengculaza uMaNzimande akaphathekile kahle ngenxa yokubuya kukaSithole ucabanga ukuthi hleze amesulele ngegciwane lengculaza. Ukusetshenziswa kukagwayi notshwala - uSithole ufica izingamu zikagwayi kanye nesimehlane sikagavini. Ukuba khona kwamahhovisi - uSithole ungena ehhovisi ufuna umsebenzi, ubuzwa ukuthi njengoba efuna umsebenzi unazo yini izincwadi zokushayela imoto.  
[Nikeza amamaki amathathu uma esichaze kahle isizinda ngokwesikhathi] (3)
- 11.5 Umphumela wezenzo zikaDumazile zaba zimbi ngoba izingane zikaDumazile zagcina ziyizintandane. uMtholephi noSanele akhuliswa yingane uLerato owagcina eseyeke isikole egade izingane zakwabo.  
[Nikeza amamaki amabili uma enikeze umphumela wezenzo] (2)
- 11.6 Bobabili banezenzo ezifanayo zokuxegelwa yisimilo bebe beshadile. UMoloi wathi enenkosikazi yakhe kepha waxegelwa yisimilo wathandana nengane encane yesikole enguDumazile wamkhulelisa kanjalo noSithole wathi enenkosikazi yakhe uManzimande wanquma ukuthandana noDumazile owayengumsebenzi.  
[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisa izenzo kanye nendikimba] (3)
- 11.7 Umbhali uhlose ukuxwayisa ukuthi uma ungumuntu ungabogxambukela ezindabeni zabantu ababili njengoba uLizzy wagxambukela wachitha umuzi kaMaNzimande ngokuthi atshele uMaNzimande ukuthi uDumazile uthandana noSithole. Wagcina esehlupheka uMaNzimande noSithole wahamba kwakhe ngenxa yokuxatshaniswa nguLizzy.  
[Nikeza amamaki amabili uma enikeze inhloso yombhali.] (2)

- 11.8 UMataselwa wayemthanda uDumazile ngokweqiniso. Akekho umuntu onelungelo lokukhethela umuntu inkosikazi noma ngabe uyingane yalowo mzali. UMataselwa wayazi ukuthi uDumazile unezingane ngakho-ke wayezokwazi ukuzilungisela ukuze bakhulise izingane ndawonye.  
[Nikeza amamaki amabili uma evumelana/engavumelani bese esekela.] (3)
- 11.9 Ngiyavumelana ngoba kwaba nokubuyisana nokuxolelana phakathi kwemindeni kaDumazile uthola uDumazile esegulela ukufa, uvuma izono zakhe zonke kumfundisi. Uphinde uxolisa kubazali bakhe nakumamezala wakhe uMaShandu agcine emxolela. UDumazile uyashona kanye nabo bonke akade ethandana nabo okunguMoloi, Matalaselwa noSithole.  
[Nikeza amamaki amabili uma evumelana/engavumelani bese esekela.] (2)
- 11.10 Umbhali uphumelele kahle ekwethuleni umyalezo wokuthi akumele ingane yesikole ivumele uthisha ayikhothlise kwezothando. Uthisha uMoloi utshela uDumazile ukuthi uyamthanda ebe eyingane yesikole, uyamkhulelisa. Ngemuva kokuthi uDumazile esekhulelwe akameseki, uqoma ukubaleka amshiye nengane. UDumazile bese eyaxoshwa esikoleni.  
[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngomyalezo] (3)

[25]

**UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)****IMPI YOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlohleni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO:** Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi lwendikimba ethi 'ukuba nobuntu nokungabi nobuntu' egqanyiswa ngabalingiswa kule noveli.

**UMZIMBA:****UNjini Cele unobuntu**

- Uthatha izingane zikadadewabo uBafana kanye noLinono ngenkathi kushona unina uyazikhulisa kahle.
- Ukwazi ukwemukela u-*Euthenasia* emzini wakhe eMpaphala wamhlabela wamfaka isiphandla yize uyise okunguBafana angamemukelanga emzini wakhe.
- Wamukela isizukulwane sikaBafana okuyingane ka-*Melody* yize uBafana ala waphetha ukukhulisa u-Uzithelile noHlanganisani emzini wakhe.
- Wamukela uMaMthimkhulu noBafana emzini wakhe yize yena bengazange bamphatha kahle.

**UHlanganisani unobuntu**

- Usebenza ezingadini ukuze alekelele udadewabo u-Uzithelile ezidingweni zakhe zesikole.
- Ufundisa izingane esikoleni nakuba zimhleka zimbiza ngongajana.
- Ululeka u-*Euthenasia* ukuba azise abazali bakhe ukuthi ukuphi ngenkathi eqe ekhaya waya eMpaphala, uphinde ushayela u-*Poppie* ucingo ukumazisa ukuthi ukuphi u-*Euthenasia* ngenhlonipho yize u-*Poppie* ayemdelela.

- Uhlala nezingane zika-*Melody* ngesikhathi u*Melody* esaphindele esikoleni.
- Uza nombono wokuthi kulandwe u*Poppie* e-*La-lucia* njengoba esesele yedwa.

### U-Uzithelile unobuntu

- Ubhala i-emeyili uyithumela ku-*Marie van den Berg* ukuba aqaphe u-*Melody* ngoba wayebathumele incwadi yokuthi uzozibulala njengoba esephinde wathola ingane noMandla okwathi noma esefuna ukumlobola u*Poppie* wenqaba ngoba ethi uMandla akafundile.
- Usiza umphakathi ngokuthi awuhlomise ngamasu okulima ukuze ulwe nendlala ehlosele abantu bomdabu.
- Udela umsebenzi awufundele wokuba udokotela ukuze asize umphakathi wangakubo ukuze awutakule enhluphekweni.

### UBafana akanabo ubuntu

- Akanabo ubuntu ngoba uxosha umalume wakhe emzini wakhe esuka kude eMpaphala ngoba ethi akabikanga ukuthi uyeza.
- Wala uyaphetha ukukhulisa izingane zikadadewabo uLinono yize azi ukuthi umalume wakhe uNjini akasenawo amandla okuzikhulisa.
- Akasanti nabantu bakubo abamnyama, akabazi nezibongo zabo nalabo asebenza nabo njengo-*Williamson* akazi nokuthi uhlalaphi.

### UPoppie akanabo ubuntu

- Uxosha uMaxakushe kwakhe ngoba ekhulume noBafana ngo-*Etheunasia* omtshontshele imali, wala nokumnika ithuba lokuthi avalelise ebantwini abephila nabo.
- Wala ukuthatha izingane zikadadewabo kaBafana ngoba ethi akazifuni izingane zasemafamu.
- Wala nokubingelela uHlanganisani no-Uzithelile ngenkathi kunomcintiswano wokugijima uze ufuna nokuzibulala ngoba efuna kuphumelele u*Melody* no-*Euthenasia* kulo mncintiswano.

**ISIPHETHO:** Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali usebenzise kahle abalingiswa ukugqamisa indikimba yokuba nobuntu nokungabi nobuntu.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ngokugqanyiswa kwendikimba.]

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpindulo ezinembayo/izimpindulo ezinganikeziwe lapha.]

[25]

## UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)

### IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi

- 13.1 Ud weshu lususwa ukuthi uNgubane wayeselitholile iqiniso ngo-*Euthenasia* ukuthi akagcinanga nje ngokuntshontsha imoto ka-*Miss Hawkins* kepha uthatha nemali kaMaxakushe njengoba kade eye kwa-*Farook* ukuyoqinisekisa ngezimpahla ezithengwa u-*Euthenasia*, enokumangala ukuthi u*Poppie* wayethuleleni ingane inezingubo zokugqoka eziningi kangaka. [Nikeza amamaki amabili uma esivezile isizathu sodweshu lwangaphakathi] (2)

- 13.2 UPoppie ngokuthukuthela ubuza uNgubane ukuthi kungani abambele u-Euthenasia igqubu lokuntshontsha imoto kaMiss Hawkins ngoba uyena uMiss Hawkins owanika u-Euthenasia izikhiye zemoto. Okunye ukuthi uPoppie ubiza uNgubane ngegama, lokho kukhombisa ukungamhloniphi umyeni.  
[Nikeza amamaki amabili uma ezichazile izenzo ezimveza njengomlingiswa onobugebengu] (2)
- 13.3
- UPrisca ingane kaMaMthunzi watshontsha izikhiye zemoto kaNgubane wazinika isoka lakhe uNkebelele base beya edolobheni. Bathi sebebuya imoto yathola ingozi walimala uPrisca.
  - Wavula icala uBafana lokutshontshwa kwemoto wenqaba uMaMthunzi kwaze kwehla noMgwazeni, wafika wathi kuNgubane akacishe icala lokubophisa udadewabo.
  - Wathi uma uNgubane ala wamsongela ngokuthi uzombulala lokho kwaholela ekutheni uNgubane ahambe emzini kaMaMthunzi.
- [Nikeza amamaki amathathu uma ezinikezile izehlakalo] (3)
- 13.4 Isizinda siveza isikhathi samanje. Ukubakhona kwezitolo ezidayisa izimpahla zokugqoka – Ukusetshenziswa kwezimoto – uNgubane uthola ukuthi u-Euthenasia wantshontsha imoto esikoleni kaMiss Hawkins. Ukuba khona komshini wokugeza izitsha – uNgubane uyalela u-Euthenasia ukuba aqoqe izitsha ababedla ngazo azifake emshinini wokuzigeza.  
[Nikeza amamaki amathathu uma esichaze isizinda ngokwesikhathi] (3)
- 13.5 Umphumela wezenzo zikaMaMthimkhulu zokuba angaziniki isikhathi sokukhulisa uMelody ngendlela efanele awuzange ube muhle ngoba uMelody wagcina esethole izingane ezimbili engashadile zoyise abehlukene waba nokhwantalala wagcina ngokufuna nokuzibulala.  
[Nikeza amamaki amabili uma enikeze umphumela wezenzo] (2)
- 13.6 Izenzo zalaba balingiswa azifani, uMadonsela unobuntu kanti uPoppie akanabo ubuntu. UMadonsela wayenobuntu yingakho ethi uCele esexoshwe uBafana kwakhe yena wamemukela wamnika indawo yokuhlala yize wayengesisona nesihlobo sakhe kanti uPoppie wala waphetha ukuthatha izingane zikadadewabo myeni wakhe uHlanganisani no-Uzithelile, waze wafuna nokubabulala.  
[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisa izenzo kanye nendikimba] (3)
- 13.7 Umbhali uhlose ukukhuthaza ukuthi ungaphumelela ngaphandle kokusizwa ngabazali bakho uma uzimisela njengoba uHlanganisani wafunda oNgoye, waya phesheya waba ngudokotela kwezemfundo ngenxa yokuzimisela.  
[Nikeza amamaki amabili uma enikeze inhloso yombhali.] (2)
- 13.8 UPoppie wayengabamukeli njengezingane zakhe ngoba unina wabo uLinono wanquma ukushada abashiye nomkhulu wabo uNjini Cele. Kwakuzoba nzima koPoppie ukukhulisa izingane ezine njengoba babe phila impilo ephakeme. Kwakuzophoqa ukuthi bashintshe izinhlelo zabo zokuphila, bashintshe ngisho isikole sezingane ukuze imali yabo yenele ukufundisa oHlanganisani no-Uzithelile.  
[Nikeza amamaki amathathu uma echaze imbangela ngokwenelisayo bese esekela.] (3)

- 13.9 Ngiyavumelana ngoba kukhona ukubuyisana nokuxolelana emndenini. UBafana ubuyela eMpaphala emukelwe umndeni wakhe okunguCele noMaKhumalo ngezandla ezifudumele. UMaMthimkhulu naye ubuyela eMpaphala emndenini akade eweya uyamukelwa ngezandla ezifudumele. [Nikeza amamaki amabili uma evumelana/engavumelani bese esekela.] (2)
- 13.10 Umbhali uphumelele kahle ekwethuleni umyalezo wokuthi akufanele isimo sasekhaya sikuvimbele ukuba uphumelele mpilweni. UHlanganisani wayevuka ekuseni athengise inkowankowane athole imadlana, ntambama wayesebenza kwaStevenson ukuthola imali yokukhokhela yena no-Uzithelile esikoleni, athenge nezincwadi zokufunda. Athole nezincwadi ezibhalwe ngolimi lwesingisi ezamsiza ukukhuluma ulimi lwesingisi okwakenza ahlule nezinye izingane esikoleni. Ufunde eNyuvesi yasoNgoye, waqhubekela eNyuvesi yaphesheya, wafunda wagogoda. [Nikeza amamaki amathathu uma ephawulilela ngomyalezo] (3)

[25]

## UBUCIKO BOMLOMO: UJU LWEZIZUKULWANE – KL Makhoba

### UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlohleni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-32 ukumaka i-esseyi.

**ISINGENISO:** Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi lwendikimba yomona esebenzisa abalingiswa abafanele kulobu buciko bomlomo benganekwane nezibongo.

### UMZIMBA

**Inganekwane:** Ikhubalo likaFukwe

#### UMLIMI

- Umlimi akanawo umona. Umlimi wayegawula izibonda zesivande ehlathini elesabekayo futhi elalidume ngokuba nezinhlobo zezilwane ebezingaba yingozi kuyena enzela nje ukuba umndeni wakhe ukwazi ukuxosha ikati eziko.
- Umlimi wabona izinsizwa ezazihlomile zivula idwala ngendlela engajwayekile yokucula iculo bese idwala liyavuleka kodwa akazange abaleke, wangena ehlathini wangabaleka waba nesibindi, wacasha efuna ukubona ukuthi benzani.
- Waba walalela wabamba konke okwenzekayo elapho ehlathini ecashe otshanini.
- Umlimi sezihambile izinsizwa sokuya edwaleni enza lokhu okwakwenziwa yizinsizwa ukuze naye akwazi ukuthola imali.
- Ngempela wacula, idwala lavuleka wangena edwaleni wazitika ngemali eyayilapho engacabangi nanokuthi lezi zinsizwa zingabuya mhlawumbe zimenze isilo sengubo.
- Waphumelela waba umnqobi yaphela nya inhlupheko ngoba phela umlamu wakhe wayehlala njalo emgona ngokuba mpofu kwakhe.
- Umlimi waxoxela inkosikazi yakhe ngendlela athole ngayo imali.
- Inkosikazi yomlimi yafikelwa umona yabese icabanga ukuyoxoxela umfowabo ongusomabhizinisi.
- Inkosikazi yathatha izingubo yashaya sengathi iyowasha kanti iyoxoxela umfowabo.

**USOMABHIZINISI**

- Usomabhizinisi wayecebile kodwa engeneliseki enomona futhi ebukela phansi umkhwenyana kadadewabo ngoba engumlimo ongenali.
- Esezwile ngodadewabo ngedwala lezimanga naye wanikela khona edwaleni efisa ukuthola imali edlule umlimi.
- Waba nesibindi sokuya ehlathini ayofuna idwala ayengenaso isiqiniseko ngokuthi likuyiphi indawo kulelo hlathi.
- Walifuna waze walithola naye wazitapela imali.
- Kwenzeka inkinga uma kumele aphume wakhohlwa amagama engoma eyayiculelwa idwala.
- Abanikazi bemali bamfica eselapho kodwa wakwazi ukucabanga masinyane wangena esakeni elalinemali wasindisa impilo yakhe.
- Izinsizwa zathatha isaka zaphuma nalo edwaleni, endleleni wenza icebo lokumemeza esesakeni okwathusa izinsizwa zalahla phansi amasaka zabalekela ukufa nokuphila.
- Isenzo sakhe senza ukuba angabulawa ngoba entshontshe imali edwaleni kwaba ukunqoba kwakhe naye wazitholela imadlana yize ibisincane kunaleyo eyatholwa umlimi.
- Usomabhizinisi wayengafuni umuntu ozodlula yena ngokuceba.
- Wakwazi ukuphuma esakeni, wangabe esawathatha onke amasaka.
- Wathola isifundo sokuthi umona awubuyiseli.

**KANYE NE****Izibongo: Isiqhingi Sase-Robben Island**

- Indikimba yomona iyavela kulezi zibongo, izezwa indlela abelungu ababehlukumeza ngayo abamnyama ngoba besaba ukuthi bahlakaniphile.
- Abelungu bathola abantu abamnyama ezweni labo bahlalisana nabo kepha base beba nomona wokufuna izwe laseNingizimu Afrika kube ngelabo bodwa.
- Abelungu babethatha abantu ababebabona beyingozi kubo ngokuba osopolitiki futhi bahlakaniphile kwezombusazwe nombangazwe babaphose eRobben Island.
- Abanye abantu babegqunywa ejele bangaphinde babuyele emakhaya ngenxa yokuthi abelungu babengafuni ukuphazanyiswa ekuqoleni izwe laseNingizimu Afrika.
- Uma befika abantu e-Robben Island njegeziboshwa babefika bafunde, nakuba abelungu babekhombisa inzondo kubo.
- Inzondo nomona eyayivezwa ngabelungu yenza ukuba le ndawo uma iNingizimu Afrika seyikhululekile ibe ngundabuzekwayo, ivakashelwa ngabantu abezinhlanga ezahlukene.
- Nanamuhla akekho ongafisi ukuya kulesi siqhingi ngisho nabo abelungu imbala ababenomona baya bephindelela khona njengoba sekuyindawo yomlando.

**ISIPHETHO:** Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Makuvele ukugqanyiswa kwendikimba yomona yale mibhalo yobuciko bomlomo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ezifakazela indikimba yomona yale mibhalo yobuciko bomlomo.

[Nikeza amamaki ngokuveza i-esityi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha]

[25]

### UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)

#### IZINGANEKWANE: 'Isibindi sikaGala'

- 15.1 Umxoxi uqala ngokuthi kwesukasukela ... Abalaleli bathi cosu! Umxoxi usethulele umlingiswa osemqoka onguGala kaNodade. [Nikeza amamaki amabili ngesethulo senganekwane] (2)
- 15.2 Isizathu ukuthi kwakushone iNdlovukazi unina kaShaka inkosi yesizwe samaZulu. Isizwe sonke kwakumele sizile ukudla, kungalinywa, kungatshalwa ngaleyo ndlela abantu bagcina sebebulewa indlala. Nikeza amabili uma esho isizathu esenza isimo senhlalo singabi sihle] (2)
- 15.3
- Wamema umhlangano womndeni ukuze abazise ngesinqumo asithathile sokungenelela ekufeni kwabantu.
  - Watshela umndeni wakwaBiyela ukuthi sekwanele ukuzilela iNdlovukazi.
  - Wabalisa nangomkhuba osewuqalile wokuqambelana amanga ezinduneni zenkosi ngokuthi awuzilile nomndeni wakho ngoba nizondana.
- [Nikeza amaphuzu amathathu ngokwenziwe umlingiswa onguGala] (3)
- 15.4 Lobu buciko bomlomo bobubili buqhathanisa ukuhlukumezeka nokufa kwabantu. Enganekwaneni abantu bayakhala babulawa yindlala abanye babulawela ukuthi abayizilele iNdlovukazi benza nemisebenzi yabo kanjalo nakuleli hubo kubalisa abantu ababebulawa ngesikhathi sobandlululo bebulawelwa ukulwela izwe. [Nikeza amaphuzu amathathu uma eqhathanise kahle ngenganekwane nehubo] (3)
- 15.5 Samukelekile ngoba sikhombisa isibindi nobuqhawe bukaGala kanye nokukhathalela isizwe esibona sibulawa yindlala futhi sesizile isikhathi eside sizilela indlovukazi. [Nikeza amaphuzu amabili uma eveze kahle ukwamukeleka/nokungamukeleki bese eyasekela] (2)
- 15.6 Isenzo sikaShaka sikhombisa ukungabi nazwelo nonya esizweni sakhe emuva kokukhothama kwendlovukazi uNandi, usizilisa isikhathi eside siyafa sibulawa yindlala. Uma abantu becebana ukuthi kukhona umndeni ongazilile uShaka wayebabulala ashise nemizi yabo. UShaka ukhombisa ubuntu ngokubonga uGala kaNodade ngokuzombonisa ngobungozi obabubhekene nesizwe ngenxa yokuzila isikhathi eside. [Nikeza amaphuzu amathathu uma ephawulile ngesenzo sikaShaka] (3)

- 15.7 Ukuxhumana-siqalo.  
Nina bakakusa nelanga!  
Nina bakaWawawa!  
 [Nikeza amaphuzu amabili uma egagule uhlobo lokuxhumana waphinde wakubhala phansi] (2)
- 15.8 Izizwe ezahlukene zibonakala ngezindlela ezigqoka ngayo njengokuthi uMzulu ubonakala ngemvunulo, iNdiya libonakala ngemisubelo, iBhunu libonakala ngokhakhi kanti uMxhosa ubonakala ngobuhlalo.  
 [Nikeza amaphuzu amabili uma echaze kafushane indlela izizwe ezahlukene ezibonakala ngayo] (2)
- 15.9 Le migqa igcizelela ukuthi abantu bakuleli uma kuwusuku lwalo mgubho baphuma ngobuningi babo bazilibale ngokuhlukana ngokobuhlanga ngoba basuke bemunye beqhakambisa ubugugu bemvelaphi yabo.  
 [Nikeza amaphuzu amabili ukuchaza imigqa ukuthi ilekelele kanjani ukuqonda indikimba] (2)
- 15.10 Sihambelana kahle ngoba isisho sichaza umuntu okhuluma into okungeyiyo kanjalo nomugqa osezibongweni imbongi isebenzisa umbuzombumbulu okuwukuthi iyamangala/iyazibuza ukuthi obani laba abakhuluma into okungeyona ngayo ngoba noma ifundile kodwa ayizikhohliwe ukuthi ungubani.  
 [Nikeza amaphuzu amabili ukuveza umcabango wakhe nokusekela] (2)
- 15.11 Uphawu lokubabaza lusetshenziselwa ukuncoma, ukujabula, ukuthakasela kanjalo kulezi zithakazelo lophawu lukhombisa ukuhlobana nokuthakaselana kwezibongo ezihlobene nezaKwaDlamini ezibenza babe uzalo olulodwa ezifana noNkosi!, Hlubi!, Mlangeni!, Lokothwayo!  
 [Nikeza amaki amabili uma ehlaziya ngokusetshenziswa kophawu lokubabaz] (2)  
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: [25]**

**ISIQEPHU C: UMDLALO****UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlohleni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO:** Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi ngommeleli nodweshu. Umbhali usebenzise ummeleli ukukhulisa udweshu.

**UMZIMBA:****Udweshu lwangaphakathi**

- Ukucabanga okuletha ukukhathazeka kukaMdaluli ngenxa yephupho lesiphepho kanye neviyo labantu abampisholo abakhuluma ulimi olungaqondakali elimfikele.
- Ukubalisa kukaMdaluli emuva kokuvakashelwa uManqina bexoxa ngodaba lokudilizwa kwabo emsebenzini.
- Ukukhathazeka kukaMdaluli mayelana nesikweletu saseMangosuthu sikaLondiwe.
- Imicabango kaHlengiwe ngemuva kokushelwa uChivenga ngoba isoka lakhe uManqina selidilizwe emsebenzini.
- UMDaluli ukhathazwa yiphupho labaphansi ngenkathi esejele emuva kokushaya uChivenga njengoba axosha izingane zakhe ezithembisa ukuzidubula.

**Udweshu lwangaphandle**

- UMDaluli unqaba ukudla akuphakelwe uMaMlanduli uze uyamthethisa.
- UMDaluli ushaya umkakhe uMaMlanduli kanye nezingane kuze kulamula uMaNqina.
- UMDaluli ufuna indabandaba ngenkani kuMaMlanduli, uze umshaya ngensilane kufike amaphoyisa, ambophe.
- UMDaluli uhubha izingane zakhe ngesibhamu ezixosha emzini wakhe ngenxa yokuthi uLondiwe umbophisile ngokushaya uMaMlanduli.
- UMDaluli uthakatha uChivenga ubola isandla ubanesitapamnwana, aze ayolala esibhedlela ngoba ethi umthathele umsebenzi wakwaSaziwayo.
- UMDaluli uhlasela uChivenga ehlathini umshaya ngemolontshisi, kuqhamuka uZayeka iphoyisa ogcina embophile uMDaluli.

(Namanye amaphuzu abhebhethekisa udweshu ayokwamukeleka)

**ISIPHETHO:** Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali ukhombisile ukuthi ummeleli ulukhulise kanjani udweshu.

[Ohlolwayo anganika izibonelo ezahlukene ezinembayo zokukhulisa udweshu.]

Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha]

**[25]**

**UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

- 17.1 Isizathu sokuba nodweshu ukuthi uMdaluli wenqaba ukudla akunikwa nguMaMlanduli futhi usho ngezwi elingenawo umusa.  
[Nikeza amamaki amabili uma enikeza isizathu esenza kube nodweshu] (2)
- 17.2 Ithoni enkulumeni kaMdaluli igqamisa indelelo/ukuthukuthela ngoba uthi uma enikwa ukudla angabongi kahle kepha athi akakufuni, ubuye abize uMaMlanduli ngomfazi aze amnxaphele.  
[Nikeza amaphuzu amabili uma echaze ithoni esenkulumweni] (2)
- 17.3
- Ngokwendawo kusemzini kaMdaluli elawunji lapho kudlelwa khona njengoba itafula selidekelwe ukuba umndeni udle.
  - Ngokwesimo senhlalo sishubile/asisihle njengoba uMdaluli uxabana noMaMlanduli akafiki amchazele kahle ukuthi ikuphi inkinga abhekene nayo emenza ukuthi angadli.
  - Isikhathi samanje ngoba kunelawunji, umndeni kaMdaluli uhlezi elawunji udla ukudla kwakusihlwa.
- [Nikeza amaphuzu amathathu uma efingqile ngokwesizinda] (3)
- 17.4 UChivenga ucela uHeshane ukuba amenzele umkhonyovu amsize abize uHlengiwe amethembisa umsebenzi ongekho ubuye acebise uHeshane ukuba atshele uHlengiwe ukuba ashiye ipasi lakhe ukuze amhlelele umsebenzi emuva kwesikhathi bese ethi ipasi lilahlekile. Ipasi likaHlengiwe labuya selishintshiwe isibongo selibiza isibongo sikaChivenga okusho ukuthi uHlengiwe wayeseshade noChivenga.  
[Nikeza amaphuzu amathathu uma exoxe kafushane ngesigameko esifihlelwe umlingiswa] (3)
- 17.5 Bobabili bangabangani bakaMdaluli abakhombisa ubuntu ngendlela engafani. UManqina ubesebenza noMdaluli wakhombisa ubuntu ngokuchazela uMaMlanduli ngesimo sokuphelelwa ngumsebenzi uze uyamtshela ukuthi uyezwelana noMdaluli njengoba eganiwe kanti uMbhebhezeli akakhombisanga ubuntu uthutha izindaba abazixoxe noMdaluli utshela uChivenga ukuthi uyamazi umuntu omthakathile.  
[Nikeza amaphuzu amathathu uma eqhathanisile ngokuvezwa kwabalangiswa ngobunjalo babo.] (3)
- 17.6 Wawungaba muhle ngoba ijele liyindawo yokuhlumelelisa izimilo, uMdaluli wayengazibona ukuthi unephutha ngempela, ajeziswe ngokufanele uma ephuma ejele angaphinde ahlukumeze abantu.  
[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umphumela wase eyasekela]

**NOMA**

Wungaba mubi ngoba uMdaluli wayengagcina esefunda ubugebengu obunzulu kwezinye iziboshwa udlame lwakhe lukhule athi uma ephuma ejele ahlukumeze umndeni kakhulu/Wawuzoba mubi ngoba uMdaluli wayengagcina emzonda uLondiwe impilo yakhe yonke.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umphumela wase eyasekela] (2)

- 17.7 Imbangela ukuthi uMdaluli wayesecikekile uMaMlanduli owayemphoqelela ukuba akadle ekubeni yena wayengakufuni ukudla ngaleso sikhathi enziwa isimo ayebhekene naso esasaziwa nguyena yedwa sokudilizwa emsebenzini. [Nikeza amamaki amabili uma eyichazile imbangela yokusebenzisa amagama agqamile] (2)
- 17.8 Kwakungafanele ngoba uLondiwe wayeyingane noma ukuhlukumezeka kwakwenzeka phambi kwakhe kwakungamele abophise ubaba wakhe ngoba ekugcineni uyingane. [Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] [Nikeza amaphuzu amathathu uma ewuvezile umbono wakhe wase eyasekela]
- NOMA**
- Kwakufanele ngoba izingane zalesi sikhathi ziyawazi amalungelo, uLondiwe uwasebenzise kahle amalungelo avikele ukuhlukumezeka kwezingane nabesifazane. [Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (3)
- 17.9 Ngiyavumelana uyithuthukisile indikimba yodlame emphakathini ngoba ukuba khona kukaChivenga kukhombise ukuthi abantu bokufika bahlukunyezwa kanjani uma bezizamele impilo kuleli. [Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] [Nikeza amaphuzu amabili uma evumelana ngokuthuthuka kwendikimba wase esekela] (2)
- 17.10 Angizwelani ngoba uHeshane uyawazi umthetho omayelana nabokufika kuleli njengoba wayengumsebenzi woMnyango wezasekhaya futhi ebazi nobulelesi obenziwa ngabokufika njengoba elalela uChivenga eze ngobuqili. Ngangizoxolisa ngivume iphutha lami, ngamukele isigwebo engangizonikwa sona bese ngingaphinde ngivumele abokufika benze ubugebengu. [Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] [Nikeza amaphuzu amathathu ngokuzwelana/nokungazwelani nomlingiswa wasekela waphinda washo ukuthi wayengenzenjani ukube wayenguywe] (3)

**[25]**

**UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)  
AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlohleni
- Sebenzisa irubrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi

**ISINGENISO:** Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi ngommeleli nodweshu. Umbhali usebenzise ummeleli ukukhulisa udweshu.

**UMZIMBA:**

Kulo mdlalo sithola udweshu lwangaphandle okuyilona olukhulisa umdlalo. Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo:

- USalimani uxabana noZithulele uma emtshela ukuthi imingcele isiyagudluzwa, indawo enkulu kuzoba eyabelungu basemapulazini.
- UZithulele uxabana neNkosi uSalimani enkantolo yaseMshwathi ngodaba lwesinqumo sikaHulumeni sokugudluzwa imingcele yezwe lenkosi uSalimani ngaphandle kokubonisana nayo.
  - Udweshu phakathi kweNkosi uSalimani nabafowabo bafuna iqiniso kuMphiliphili ngobudlelwano bakhe nabelungu njengoba uMphiliphili ebonwe ekhuluma okwesibili noSomtsewu noZithulele ababesebenzela uHulumeni.
- USalimani uxabana noMphiliphili ugcina emjezisa ngokuthi amhlawulise ngezinkomo ngenxa yokungathembeki eNkosini uSalimane ebe eyiNduna yeNkosi.
  - Kuba nodweshu phakathi kukaSalimani noMgqabula umlungu owayenikezwe ingxenye yendawo yenkosi uSalimani ngoba uZithulele enze iqhinga lokuthi balwe ukuze uSalimani nabantu bakhe bazosiwa enkantolo indawo yakhe igcine isithathwa ngobuqili.
- Inkosi uSalimani uxabana noZithulele phakathi enkantolo yaseMshwathi ngesikhathi kuzothethwa icala likaNomehlo. UZithulele utshela uSalimani ukuthi akaphungule amabutho enkantolo aqale ngokunqaba agcine ewaphungulile.
- Ukuthethwa kwecala likaMgqabula Nomehlo ehhovisi likaSomtsewu eMgungundlovu ngalo udaba lwemingcele.  
(Namanye amaphuzu abhebhethekisa udweshu ayokwamukeleka kuze kufike kuvuthondaba lapho inkosi uSalimani ithethwa yicala lodaba lwemingcele)

**ISIPHETHO:** Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali ukhombisile ukuthi ummeleli ulukhulise kanjani udweshu.

[Ohlolwayo anganika izibonelo ezahlukene ezinembayo zokukhulisa udweshu.

Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha]

**[25]**

**UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

- 19.1 Isizathu sokuba nodweshu ukuthi uZithulele ubize uSalimani ukuba azomchazela ngemingcele yendawo athi uSalimani uyiphathele uHulumeni. Lokhu kuyamcasula uSalimani ngoba uthi le ndawo ngeyakhe kanye nobaba wakhe inkosi uManyosi.  
[Nikeza amamaki amabili uma enikeza isizathu esenza kube nodweshu] (2)
- 19.2 Ithoni kaZithulele igqamisa indelelo nokubukela phansi uSalimani nezinduna zakhe Utshela uSalimjani ukuthi uyise angebe nezwe ekade washona futhi uSalimani akanazwe izwe elikaHulumeni.  
[Nikeza amaphuzu amabili uma echaze ithoni esenkulumweni] (2)
- 19.3
- Ngokwendawo kusenkantolo eMshwathi ehhovisi likaZithulele.
  - Isimo senhlalo asisihle/sishubile njengoba uZithulele ebukela uSalimani phansi ngokumkhumbuzisa ukuthi ungumuntu futhi noyise kaSalimani akanalo izwe, izwe ngelikaHulumeni.
  - Isikhathi sezinguquko/sengcinezelo lapho izwe labansundu
  - lisathathwa ngabelungu, njengoba uSalimani etshelwa nguZithulele ngokuklanywa kabusha kwemingcele.
- [Nikeza amaphuzu amathathu uma efingqile ngokwesizinda] (3)
- 19.4 USalimani ubiza sonke isizwe ukuba sibe khona emhlanganweni lapho kuzothathwa isinqumo sokuwelwa koMngeni. Kufikwa enkundleni kubekwa izikhamba ezimbili kanye namasaka amabili kabhontshisi elomnyama nelomhlophe. USalimani uyalela ukuba abakhetha ukungawuweli uMngeni mabathathe uhlamvu olumnyama lukabhontshisi baluphose esikhambeni kanti abathi bayawuwela uMngeni mabathathe ubhontshisi omhlophe bawuphose kwesinye isikhamba. Ubhontshisi omnyama wagcwala esikhambeni kwaze kwaphela isaka. Wanqoba ngaleyo ndlela uSalimani.  
[Nikeza amaphuzu amathathu uma exoxe kafushane ngesigameko esifihlelwe umlingiswa] (3)
- 19.5 Umlingiswa onguSomtsewu nomlingiswa oyijaji laseMgungundlovu abefana. USomtsewu unobuqili kanti ijaji linobuqiniso ekuthethweni kwamacala. USomtsewu ubukela phansi abantu abamnyama futhi uchema nabelungu bamapulazi uthathe uMgqabula njengofakazi ebekade engekho kuhlaselwa abantu bakaSalimani ugcina ngokuthi athi icala limlahle uSalimani kanti ijaji laseMgungundlovu lithetha icala ngokungachemi. Akabamukeli ubufakazi obulethwa uMgqabuli ecaleni lokushaywa kwabantu. Icala ligcina lithetha uSalimani.  
[Nikeza amaphuzu amathathu uma eqhathanisile ngokuvezwa kwabalangiswa ngobunjalo babo.] (3)
- 19.6 Wawuzoba muhle ngoba wayezoqhubeka ukuklama imingcele kaSalimani ngobuqili, izwe ligcine lithathwe nguhulumeni alinike abelungu naye aklonyeliswe ngezwe aphile kamnandi.  
[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umphumela wase eyasekela]

**NOMA**

Wawuzoba mubi ngoba uSalimani wayengeke avume ukuthi izwe lakhe lithathwe ngobuqili. USalimani wayezohlasela abelungu bamapulazi baqhubeke nokungezwani kuchitheke igazi kufe abantu abaningi.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umphumela wase eyasekela].

(2)

19.7 Imbangela ukuthi uZithulele wayesebona ukuthi indlela akhulume ngayo noSalimani iletha intukuthelo kuSalimani ngakho-ke wayesezincengela.

[Nikeza amaphuzu amabili uma evumelana/engavumelani ngokuthuthuka kwendikimba wase esekela]

(2)

19.8 Kwakungafanele ngoba wayeyinduna yenkosi uSalimani, uSalimani emthembe ngakho konke, kodwa yena wahuhwa izipho ayezinkwa ngabelungu ngoba befuna izimfihlo ngeNkosi uSalimani. [Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa]

[Nikeza amaphuzu amathathu uma ewuvezile umbono wakhe wase eyasekela]

(3)

19.9 Ngiyavumelana ngoba indikimba ngeyombangazwe. UZithulele nguyena ongundabazabantu, uthatha izindaba zikaSalimani azise kuhulumeni, athathe ezikahulumeni azise kuSalimani kodwa konke akwenzayo kuvuna uHulumeni abantu abamnyama ubabukele phansi ubabona njengabantu abangafanele ukuthi bangaba nelizwe. [Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa]

[Nikeza amaphuzu amabili uma evumelana/engavumelani ngokuthuthuka kwendikimba wase esekela]

(2)

19.10 Ngiyazwelana noMphiliphili ngoba waphelwa umuzi wakhe wahamba wagcina esewumuntukazana ngoba wabaleka wayokhonza kobelungu njengembuka,√ Ngangiyobuyela enkosini yami uSalimani kanye nasesizweni ngixolise ngesenzo sokudayisa ngezwe lenkosi ngithuthe izindaba bese ngicela ukwehla esikhundleni sokuba induna. [Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa]

[Nikeza amaphuzu amathathu ngokuzwelana/nokungazwelani nomlingiswa wasekela waphinda washo ukuthi wayengenzenjani ukube wayenguywe]

(3)

**[25]**

**UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)****UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlohleni
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-32 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO:** Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi lommeleli nodweshu. Umbhali usebenzise ummeleli ukukhulisa udweshu.

**UMZIMBA:****Udweshu Iwangaphakathi**

- UPhindisiwe ucabanga ngoNkululeko njengoba eqeda ukumshayela ucingo emkhumbuzo ngokuboshwa kwakhe kanye nemvalamlomo.
- UPhindisiwe udliwa unembeza wokuthi kungcono angamtsheli uThamsanqa ngoNkululeko njengoba elokhu emshayela ucingo.
- UPhindisiwe ucabanga ngesu lokuthola imali kaThamsanqa yomshwalensi njengoba ayesebona ukuthi vele umendo wakhe sewonakele.
- UPhindisiwe ucabanga ngemali esele ngenkathi eyifaka ku-ATM, ucabanga ukuyithatha ngenxa yokuxinwa yizikweletu. Lokhu kwenzeka emuva kokuba eshiywe nguNkululeko embophe izandla kade begqokeza ebhange.
- UPhindisiwe ngenkathi kuthethwa icala wayesenokuzisola ngezenzo zakhe amehlo akhe asethe njo kuThamsanqa.

**Udweshu Iwangaphandle**

- UPhindisiwe uxabana noNkululeko njengoba usebuyile ejele ufuna babuyelane, ufuna nengane yakhe uZiphozonke futhi ufuna imali azoziphilisa ngayo phezu kokuba uPhindisiwe amgqiba ngezinkulungwane ezingamakhulukhulu zemali.
- UPhindisiwe ubika ukugula ngenkathi uThamsanqa ebona ukuthi kukhona okushaya amanzi ngenkathi uPhindisiwe ebamba ucingo.
- UThamsanqa uxabana noPhindisiwe uze uyamshaya babanga izimfihlo. uPhindisiwe uyahamba ubuyela kubo kwaMakhangelana. UThamsanqa uyamlandela uyofuna imali yamalobolo.
- UPhindisiwe uxabana noNkululeko mayelana nokuthi makabe ingxenye yabayogqokeza ebhange.
- UPhindisiwe uxabana noNkululeko ngenkathi betapa imali ngoba uPhindisiwe engamtshelanga ngamakhamera futhi wamkhombisa nemali encane.

(Namanye amaphuzu abebhethekisa udweshu ayokwamukeleka kuze kufike kuvuthondaba lapho sebeboshwa ngokugqokeza ebhange.)

**ISIPHETHO:** Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali ukhombisile ukuthi ummeleli ulikhulise kanjani udweshu.

[Ohlolwayo anganika izibonelo ezahlukene ezinembayo zokukhulisa udweshu.

Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha]

**[25]**

**UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)****UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga**

- 21.1 Isizathu sokuba nodweshu ukuthi uNkululeko ushayela uPhindisiwe ufuna babuyelane. UPhindisiwe uyenqaba ngoba uthi okwakubhlanganise noNkululeko sekwashabalala.  
[Nikeza amamaki amabili uma enikeza isizathu esenza kube nodweshu] (2)
- 21.2 Ithoni kaPhindisiwe igqamisa indelelo/ukuba nesibindi sokungafuni ukuqhubeka nobudlelwane ayenabo noNkululeko njengoba eseyiphela endlebeni futhi anganendaba noma uNkululeko ethembisa ukumsocongana nokuthi naye uzomthumela ngezimbeva zakubo.  
[Nikeza amaphuzu amabili uma echaze ithoni esenkulumweni] (2)
- 21.3
- Indawo kusebhangeni i-Forum uNkululeko ushayela uPhindisiwe ucingo ufuna babuyelane.
  - Isimo senhlalo asisihle/sishubile njengoba uPhindisiwe etshela uNkululeko ukuthi akahlukane naye, useqhubekele phambili nempilo uNkululeko akavumi futhi ufuna ingane yakhe.
  - Isikhathi samanje ngoba sithola kunezingcingo njengoba uNkululeko eshayela uPhindisiwe ucingo.
- [Nikeza amaphuzu amathathu uma efigqile ngokwesizinda] (3)
- 21.4 UKholekile wahlela noNkululeko ukuthi basize uPhindisiwe ukuthi babulale uThamsanqa ukuze uPhindisiwe athole imali yomshwalense neyasemsebenzini. UNkululeko watshela uKholekile ukuthi akayosesha uPhindisiwe ukuthi wayeyidinga kangakanani imali nokuthi uThamsanqa wayenamalini. UNkululeko watshela uKholekile ukuthi kwakuzothi uPhindisiwe angayithola imali kuThamsanqa bese beyambulala bayithathe yonke leyo mali.  
[Nikeza amaphuzu amathathu uma exoxe kafushane ngesigameko esifihlelwe umlingiswa] (3)
- 21.5 Bobabili bayakholwa futhi banothando lweqiniso ngamakhosikazi abo. ✓ UMathonsi uhlonipha uMaMhlongo uyamthanda nakuba ekhombisa ukuba uhlanya, umvikela ukuba angayi kwaMakhangelana ukuze angangeni engozini. ✓ UThamsanqa uyamthanda uPhindisiwe noma ngabe esethole ukuthi unezingane zangaphandle akawutsheli umndeneni wakhe. ✓  
[Nikeza amaphuzu amathathu uma eqhathanisile ngokuvezwa kwabalangiswa ngobunjalo babo.] (3)
- 21.6 Wawuzoba muhle ngoba kwakungenzeka uThamsanqa amxolele njengoba uPhindisiwe wayebhale inkondlo ayexolisa ngayo kanye nothando ayenalo ngoThamsanqa baphinde bahlale kahle ngokuzwana/ngoba wayezoba nemali avale izikweletu zakhe ezimxinile bese ehlala kahle noThamsanqa angaphinde angene ebugebengwini.  
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa]  
[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umphumela wase eyasekela]

**NOMA**

Wawuzoba mubi ngoba wayezokwenza itulo lokubulala uThamsanqa ehlangene noNkululeko athathe yonke imali yakhe bese egcina ngokubulawa nguNkululeko.

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa]

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umphumela wase eyasekela] (2)

21.7 Imbangela ukuthi uNkululeko ukhumbuza uPhindisiwe ukuthi kwakuyicala lakhe leli ayelihlalele ejele iminyaka ngakho-ke kwakumele ukuthi amsize uPhindisiwe uma ecela usizo.

[Nikeza amaphuzu amabili uma evumelana/engavumelani ngokuthuthuka kwendikimba wase esekela] (2)

21.8 Kwakungafanele ngoba wayengumngani wakhe futhi uPhindisiwe emxoxela zonke izindaba ngisho neziyimfihlo zakhe kanti uKholekile wayesethandana noNkululeko uPhindisiwe engazi ezidlulisa izindaba kuNkululeko evuma nokuthunywa nguNkululeko ukuyohogela izindaba kuPhindisiwe.

[Nikeza amaphuzu amathathu uma ewuvezile umbono wakhe wase eyasekela] (3)

21.9 Ngiyavumelana ngoba indikimba yalo mdlalo ingobugebengu ubuhleliwe. Konke okwenziwa uNkululeko kulo mdlalo kunobugebengu, uya kwaMathonsi uqamba amanga uthi uPhindisiwe yinkosikazi yakhe futhi ufuna yena nengane yakhe ngoba usebuyile lapho ebesaye khona, ushayela uThamsanqa ucingo emzini wakhe uyamdelela ugcina ngokuphoqa uPhindisiwe ukuba amsize ngokutshontsha imali ebhange, ugcina ngokuboshwa. [Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa]  
[Nikeza amaphuzu amabili uma evumelana/engavumelani ngokuthuthuka kwendikimba wase esekela] (2)

21.10 Ngiyazwelana ngoba wawuvula umnyango emuva kokuba ezwe iphimbo likaPhindisiwe owayesebenza naye kanti uPhindisiwe uhamba nezigebengu ezazifuna ukhiye ukuze kugqezwe ebhange. Ngangiyobanika ukhiye ukuziphephisa njengoba uSara abanikeza.

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa]

[Nikeza amaphuzu amathathu ngokuzwelana/nokungazwelani nomlingiswa wasekela waphinda washo ukuthi wayengenzenjani ukube wayenguywe] (3)

[25]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

**RUBHRIKHI YOLIMI LWASEKHAYA****ISIQEPHU A: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WENKONDLO [AMAMAKI AYI-10]**

<b>Izinkomba</b>	<b>Kuhle kakhulu</b>	<b>Kuhle</b>	<b>Kuyagculisa</b>	<b>Akugculisi kahle</b>	<b>Akugculisi nhlobo</b>
<b>OKUQUKETHWE</b>	<b>5–6</b>	<b>4</b>	<b>3</b>	<b>2</b>	<b>0–1</b>
Ukukhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. <b>6 AMAMAKI</b>	-Ukukhunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu amahle kakhulu ahlukene asekelwe kabanzi kubhekiswe enkondlweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenkondlo.	-Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle -Impendulo echaza ngokweneliso -Amanye amaphuzu anembayo kodwa awasekeliwe onke ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenkondlo luhle.	-Isihloko usihlaziye ngokugculisayo -Akhona amaphuzu amahle asekelwa isihloko -Amanye amaphuzu asekelwa kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi -Ulwazi lwenkondlo olugculisayo.	-Ukukhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle -Kuthukela kuvela amaphuzu asekelwa isihloko -Ulwazi lwenkondlo alugculisi kahle.	-Akanalo nhlobo ulwazi lwesihloko -Akukho nhlobo okuhambisana nenkondlo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenkondlo.
<b>ISAKHIWO KANYE NOLIMI</b>	<b>4</b>	<b>3</b>	<b>2</b>	<b>1</b>	<b>0–1</b>
Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude. <b>4 AMAMAKI</b>	-Isakhiwo esihleleke kahle kakhulu -Amaphuzu ahleleke kahle kakhulu futhi athungelana kahle kakhulu -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhlohlweni -Ulimi, ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba akunamaphutha nhlobo.	-Isakhiwo esihleleke kahle futhi amaphuzu ageleza ngokulandelana kahle -Ukugeleza kwamaphuzu kuyalandeleka -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	-Kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo -Amaphuzu awagelezi futhi awahlelekile -Amaphutha olimi ayingcosana, ithoni kanye nesitayela kusetshenzisiwe ngokugculisayo.	-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ezingeni lokuhleleka -Amaphuzu awahlelekile ngokugculisayo -Ulimi lunamaphutha amaningi -Ithoni nesitayela akugculisi kahle.	-Isakhiwo asihlelekile kahle neze -Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze.

**ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]**

Izinkomba	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kuyagculisa	Akugculisi kahle	Akugculisi nhlobo
<b>OKUQUKETHWE</b>	<b>12–15</b>	<b>9–11</b>	<b>6–8</b>	<b>4–5</b>	<b>0–3</b>
Ukunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.  <b>15 AMAMAKI</b>	-Impendulo enembayo: -Impendulo enhle kakhulu: -Ukunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu ahlukeni anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	-Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle -Impendulo echaza ngokweneliso -Amanye amaphuzu anembayo kodwa akusiwo wonke asekelwe ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo luyabonakala.	-Ukhumusha isihloko ngokugculisayo; akuzona zonke izingxenye ezicaciswe kabanzi -Kunamaphuzu ambalwa amahle asekelwa isihloko -Amaphuzu ambalwa asekelwa, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi -Ulwazi olungenele lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	-Ukunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekelwa isihloko ngokucacile -Amaphuzu ambalwa asekelwa isihloko -Amaphuzu amancane ahambisana nesihloko -Ulwazi oluncane lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	-Ulwazi oluncane kakhulu lwesihloko -Umzamo ontekenteke wokuphendula umbuzo -Amaphuzu awanelisi nhlobo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo
<b>ISAKHIWO KANYE NOLIMI</b>	<b>8–10</b>	<b>6–7</b>	<b>4–5</b>	<b>2–3</b>	<b>0–1</b>
Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.  <b>10 AMAMAKI</b>	-Isakhiwo silandelana kahle kakhulu -Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu -Amaphuzu abekeke kahle kakhulu futhi athungelana kahle -Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhloveni.	-Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle -Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle -Amaphuzu ageleza kahle -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	-Isakhiwo siyabonakala kancane -Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyabonakala, kodwa kunamaphutha -Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile -Izigaba eziningi zibhaleke kahle.	-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhlelweni kwaso -Amaphuzu awahlelekile kahle -Amaphutha olimi agqamile -Ithoni nesitayela kusetshenzisiwe ngokungafanele -Ukuleleka kwezigaba kunamaphutha.	-Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu -Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo -Ithoni nesitayela kusetshenzisiwe ngokungafanele -Ukuleleka kwezigaba kunamaphutha.
<b>UKWABIWA KWAMAMAKI</b>	<b>20–25</b>	<b>15–19</b>	<b>10–14</b>	<b>5–9</b>	<b>0–4</b>